



NATIONAL SENIOR CERTIFICATE EXAMINATION  
NOVEMBER 2016

**ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA: IPHEPHA II  
ISIZULU HOME LANGUAGE: PAPER II**

Isikhathi: Amahora ama-3

Amamaki ayi-100

---

**QAPHELA LOKHU OKULANDELAYO**

1. Leli phepha linamakhasi ayi-5. Qiniseka ukuthi nelakho liphelele.
  2. Qala isiqephu nesiqephu ekhasini elisha. Ungaqala nganoma yisiphi isiqephu kodwa kufanele imibuzo yeziqephu ungayixovi.
  3. Bhala izinombolo zemibuzo zihambisane nezisephepheni lokuhlolwa.
  4. Fundisia imibuzo ngaphambi kokuphendula.
  5. Bhala ngesandla esifundekayo, uhlele ngobunono umsebenzi wakho.
-

**ISIQEPHU A IMIBHALO****AMAQILI: P. B. MAPHUMULO**

Bhala **i-eseyi** ezoba nezigaba ezine kuya kwezinhlalu, amagama esewonke abe phakathi kwangama-250 kuya kwangama-300.

Ohlolwayo uzoklonyeliswa uma eqaphelisisa okulandelayo:

- Ukuhleleka kwe-eseyi.
- Ukusebenzisa ulimi oluhle nolunothile.
- Ukukhombisa ulwazi lwendaba engqikithini yempendulo.
- Ukukhetha ngokunembayo amagama nokubhalwa kwawo kahle.

**UMBUZO 1**

**QAPHELA:** **Phendula umbuzo OWODWA kwelandelayo.**  
**Phendula umbuzo 1.1 NOMA umbuzo 1.2.**

1.1 Funda ingxoxo ecashuniwe ezokusiza ukuphendula umbuzo ongezansi:

**Umculo omfushane.  
Kuzwakala imisindo yaseshantshi.**

Dlomo: Uyazi ukuthini? Ziyenzeka izinto. Kuhlangene imihlathi eyazanayo ngempela Sayitsheni uma kunje.

Cele: Konje ukusholo phezu kwaliphi iphuzu lokho Mkhabela?

Dlomo: Engqondweni yami asikapheli isithombe sokubanjwa kwaleli qili okuthiwa nguSimonyo. Lihlakanishelwe nganjengalo njengoba lihlakanishelwe nguNjivana nje. Ehhe! Lo macashelana walo ebelilokhu liwudlalela abanye abantu kukahle impela uma liwudlalela nguye kanye lo muntu elaqala ngaye ukumdlalela wona. Kushiyane khona ukwenza.

Cele: Sesingikhanyela kakhulu-ke lesi sisho sabamhlophe esithi: 'Send a thief to catch a thief.'

Dlomo: Ehhe! Sengathi ungalisho uliphinde lelo Sayitsheni. Ngempela kuthiwa: 'Thuma isela ukuze ubambe isela.'

Wena uyiJaji laseNkantolo eNkulu. Bhala isinqumo ozofinyelela kuso emacaleni kaSimonyo. Bhala futhi isigwebo ozomnika sona ngecala ngalinye.

Phakathi kokunye bhekisa kulokhu:

- Amacula ozowathola kuSimonyo ngokwendaba.
- Isigwebo omnika sona ngalawo macala.
- Amazwi akho owabhekisa emphakathini nakwezinye izigebengu.

## NOMA

1.2 Funda ingxoxo ecashuniwe ezokusiza ukuphendula umbuzo ongezansi:

**Umcculo omfushane.**

**Kuzwakala kakhulu ukuduma kwendiza engujekamanzi.**

Cele: Ehhe! Gijimisa izipopolo phakathi esimobeni Nobuhle, ikhona uzongitshela ukuthi ubonani ngazo.

Nobuhle: Akubuzwa mseshi omkhulu. Nguye kanye lo mlisa esihlwaya umkhondo wakhe. `Ngibona kahle konke ngazo. Bheka ngoba ziwusondeza eduze umfanekiso wakhe, ziwukhulise futhi.

Dlomo: Uyobe uyakwazi ukuphuma nesikhuni somlilo emanzini sivutha uma ephunyule sesimhlanganele ngalolu hlobo.

Nobuhle: Yiqiniso elingephikwe phela ukuthi ingalo yomthetho yinde.

Cele: Kuzofanele yehle indiza ize iyothi cababa eduzane nesixuku lesiya ...

Wena unguMphathi wamaphoyisa kule ndaba. Bhala amazwi uncome umsebenzi omuhle wamaphoyisa wokubamba lo mlisa.

Phakathi kokunye bhekisa kulokhu:

- Gqamisa amakhono amaphoyisa endaben.
- Amazwi okuncoma neziyal.
- Amazwi abhekiswe emphakathini ukulekelela amaphoyisa emsebenzini wawo.

[30]

**ICOBELO: A. M. MTHEMBU NO N. A. P. KHUMALO****QAPHELA**

**Phendula umbuzo OWODWA kwelandelayo.**  
**Phendula umbuzo 2 NOMA umbuzo 3.**

Bhala **i-eseyi** ezoba nezigaba ezine kuya kwezinhlalu, amagama esewonke abe phakathi kwangama-300 kuya kwangama-350.

Ohlolwayo uzoklonyeliswa uma eqaphelisisa okulandelayo:

- Ukuhleleka kwe-eseyi.
- Ukusebenzisa ulimi oluhle nolunothile.
- Ukukhombisa ulwazi lwendaba engqikithini yempendulo.
- Ukukhetha ngokunembayo amagama nokubhalwa kwawo kahle.

**UMBUZO 2**

'Amasu amane? Kanti uhlezi ungaqonywa nje uyisishimane.'

Sebenzisa indaba okucashunwe kuyo amazwi angenhla uqhathanise uJabulani nobaba bakhe bobabili.

Phakathi kokunye bhekisa kulokhu:

- Baqhathanise kwabakushoyo ngokukhetha inkosikazi.
- Isiko lokucela nokulobola endaben i nombono wakho.
- Umbono wakho ngezinkulomo zabalingiswa ababalwe ngenhla.

[30]

**NOMA****UMBUZO 3**

'Kazi uzozithenga ngani izincwadi ngoba ushiye isikhwama sakho semali lapha ekhaya.'

Sebenzisa indaba okucashunwe kuyo amazwi angenhla ukhombise ukuthi ubuhlanga buseyinsele namanje ezweni lethu.

Phakathi kokunye sebenzisa lokhu:

- Ukugqama kobuhlanga kule ndaba.
- Izibonelo zobuhlanga ezweni lethu.
- Umbono wakho ngokungensiwa ngale nkinga.

[30]

Amamaki angama-60

**ISIQEPHU B****UKUBHALELA IZIMO EZITHILE**

Ohlolwayo uzoklonyeliswa uma eqaphelisia lokhu okulandelayo:

- Isakhiwo sombhalo.
- Ulimi oluhle, olunothile noluhambisana nezimiso zolimi.
- Ingqikithi ekhombisa ulwazi lombhalo nokuziqambela.
- Irejista, izethameli, ithoni nesitayela esifanele.

**UMBUZO 4****Bhala amagama ayi-150 kuya kwayi-180.**

Abazali bakho bakwenzele indumezulu yomcimbi wokukuhalalisela ngemiphumela yakho emihle ebangeni leshumi nambili. Izulu livumile, kufinywa ngendololwane. Nisazihlalele sekutheleka ithimba likamabonakude licele usingaye/umnikazi womcimbi. Bhala **ingxoxo** yakho nentatheli ngezinselele odlule kuzo kanye namaphupho akho ngekusasa.

[20]

**UMBUZO 5****Bhala amagama ayi-150 kuya kwangama-180 engabaliwe amakheli.**

Umuntu omethembayo uyakuhlukumeza. Uhambile-ke waya esiteshini samaphoyisa ukubika udaba lwakho kepha awusizakalanga. Bhalela umphathi-siteshi samaphoyisa **incwadi** ukhononde ngendlela owaphatheka ngayo ngesikhathi uzobika. Chaza yonke into amaphoyisa ayisho noma ayenza kuwena. Veza namalungelo akho ahlukumezeka ngaleso senzo.

[20]

**Amamaki angama-40****Amamaki esewonke ayi-100**